

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU NGESIKHATHI EVAKASHELE ESONTWENI  
LAMAKHATHOLIKA MHLAKA 31 JULY 2011**

Mphathi wohlelo

Mhlekezisi wesifunda Bhishobhi saseMarianhill uBaba uDlungwane

AbaBhishobhi bonke abakhona

AbaPhriste bonke abakhona

Bonke ubuholi bebandla ngamazinga ehlukeni;

Ibandla lonke

Nginyanibingelela nonke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Egameni loMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, noHulumeni waKwaZulu-Natali wonke, ngifisa ukuthatha leli thuba ngibonge isifunda-bhishobhi saseMariannhill ngaphansi kweBandla lamaRoma aKatholika ngokusimema ukuthi sizoba yingxenywe yale nkonziso ebaluleke kangaka.

NjengoHulumeni sihlale sikhuthazeka njalo ngokubambisana esikuthola emphakathini wamabandla ezenkolo kulesi fundazwe sethu. Ukwamukeleka esikuthola uma sihambele izinkonziso ezinjengalena sikuthokozela kakhulu. Kulokhu, ngisho nesimemo senu sikuvezile ukuthi phakathi kwezinye izinto, lena yinkonziso yokubonga uNkulunkulu ngokuba nokhetho loHulumeni baseKhaya olunokuthula kanye nokwehla kwezinga lobugebengu kule ndawo yaseMariannhill, ikakhulukazi lapha eTshelimnyama.

Njengomphathiswa woMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi okuyiwona olekelelana namaphoyisa e-SAPS ukuqinisekisa ukuthi siba nokhetho olunokuthula, ngifisa ukunanela kulesi simemo senu ngokuphinda ngiqinisekise ukuthi uMnyango wami usuke wayihlela imikhuleko ebihlanganisa abalandeli bamaqembu epolitiki ehlukeni silekelelwa yizona izinhloko zamabandla ezenkolo esifundazweni sethu.

Ngifisa ukusho ngaphandle kokungabaza ukuthi umusa kaNkulunkulu uyabonakala kulesi fundazwe njengoba sibonile ukuthi akubanga nabantu abaningi abalahlekelwa izimpilo zabo ngenkathi sibheke okhethweni. Ngithanda ukubonga ikomiti lesifundazwe elihlanganise amaqembu ehlukeni ngomsebenzi omuhle eliwenzile wokukhuthaza ukuthula kulesi fundazwe esinomlando wokuba yindawo enodlame emhlabeni.

Njengoba iNkosi uJesu Kristu esikhuthaza ukuba sikhuleke singaphezi ngoba asazi ukuthi uSathane uyofika nini bese esithola sibuthaka, siyanxusa-ke nanamhlanje ukuba ningaphezi ukukhuleka nathi njengoba manje leli komiti selilungiselela ukhetho lukazwelonke ngo-2014. Ngomusa kaNkulunkulu,

sithandazela ukuthula, ukuncintisana okunokubekezelelana nokubambisana phakathi kwamaqembu ezepolitiki.

Kuyiqiniso ukuthi njengamalungu eBandla sithathwa njengabagquguzeli bokuthula. Kodwa kuyiqiniso futhi ukuthi siqhamuka emiphakathini ehlukeni kanti nezinkinga ezikhungethe imiphakathi ziyasithinta nathi sonke. Angeke sizishaye isifuba ngokuthi siyisizwe esiphucuzekile uma sisahluleka ukuba nokhetho olunokuthula lapho umphumela wokukhetha ngokuphoqwa kuba ukungabuseki – kuba nabaholi abangamukelekile eningini labantu abathi bayabahola.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, ngithanda ukudlulisa ukubonga kwami kuwo wonke amaqembu epolitiki abengenele ukhetho kule ndawo ngokuzibophezela kwawo ekusebenzeleni uxolo, ukubekezelelana kwezepolitiki nokukhuthaza inkululeko yokwenza imicimbi yezepolitiki ngaphambi kokhetho, nangesikhathi luqhubeka kuze kube yimanje.

Siyazi ukuthi njengomzamo wokugquguzela ukuthula, intando yeningi kanye nokuhlanganyela komphakathi, ngoMashi wangalo nyaka uHulumeni wesifundazwe oholwa uDkt Zweli Mkhize wahlanganisa abaholi bamaqembu ezepolitiki ehlukeni esifundazweni, abe-Independent Electoral Commission (IEC), amaphoyisa, abaholi bendabuko nabezenkolo.

Kukulowo mhlango lapho kwavunyelwana ngokuthi amaqembu azibophezele emigomweni yokuziphatha ngesikhathi sokhetho, agqugquzele ukubekezelelana kwezepolitiki, uzvano, uxolo, inkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa nanoma yiliphi iqembu ngaphambi nangemuva kokhetho. Kwabe sekusungulwa ikomidi elihlanganise amaqembu ehlukeni engajutshwa ukuba ngilihle nabanye abaholi abamele wonke amaqembu esifundazweni sethu.

Emhlanganweni wakamuva wokubuyekeza ukusebenza kwaleli komiti sivumelene ngokuthi noma ngabe seludlulile ukhetho, kuzomele liqhubeke ithimba lethu njengoba sibheke okhethweni luka-2014 njengoba bese ngivezile. Kumele sikhumbule futhi ukuthi njengoba imikhandlu yamakhansela isibekiwe nje, kusazolokhu kuba nezinketho zokuchibiyela lapha nalaphaya uma kukhona abaphumayo mhlambe ngokushona noma sebeya kweminye imisebenzi.

Ngiyazi ukuthi iningi lethu lapha liqhamuka kwi-Deanery yaseMhlathuzana okuyindawo yaseMariannahill namaphethelo. Ngithatha leli thuba ukuba ngiyibonge kakhulu imiphakathi yaseMariannahill ngokusekela umkhankaso kaHulumeni wokulwa nobugebengu.

Siyazi sonke ukuthi ngasekupheleni konyaka odlule le ndawo ike yagqama ngezigameko zobugebengu ebezibikwa kuyona. Kodwa ngendlela enibambisane ngayo neminyango kaHulumeni namaphoyisa njengomphakathi, siyanibonga kakhulu.

Ikhwela esilihlabayo manje kumalungu eBandla ngukuba asukume abe yingxenye yokusungulwa kwamakomiti emigwaqo esithi ama-Street Committees ukuze sibhekele ukuphepha ezingeni lezitaladi lapho sihlala khona. Masiqinisekise ukuthi izinhlaka zethu zama-Community Policing Forum (CPF) zisebenza ngendlela efanele. Lezi yizinhlaka zenu njengomphakathi okungamele zibonakale sengathi zimele iqembu elithile lezopolitiki.

Sithi lona ngunyaka womnyakazo wabantu wokulwa nobugebengu, i-People's Action Against Crime. Masihlangane sakhe umbimbi lokulwa nabo lobugebengu njengoba eMnyangweni sithi Building a United Front Against Crime.

Njengoba ngilapha futhi ngime njengomphathiswa wezokuThutha kulesi fundazwe. Umsebenzi osemqoka walo Mnyango ngukuqinisekisa ukuthi abantu bayakwazi ukufinyelela ezindaweni abaya kuzona ngokuba nomgwaqo namabhriji. Kodwa okubaluleke kakhulu ngukuba baphephe kule migwaqo.

Kungalesizathu-ke lo Mnyango ulokhu waba nemikhankaso eminingi yezokuphepha emgwaqeni, omunye wayo okungukubambisana nezinhlangano zezenkolo, ikakhulukazi amaKristu. Kuhlale kuyinkolelo yalo Mnyango ukuthi amabandla aneqhaza elikhulu angalibamba ekunqandeni ukufa kwabantu emgwaqeni.

Izingozi zomgwaqo zihlale zisiphuca izingane zethu nabantu abondla imindeni esibheke ukuthi benze umsebenzi wokwakha isizwe sethu. Siyaqhubeka nokungcwaba abantu abashona emgwaqeni ngaphandle kwecala. Izibalo zisitshela ukuthi izwe lethu lilahlekelwa ngabantu ababalelwa ku-16 000 kuchitheke imali ebalelwa ku-R56 billion ngezindleko zokwelapha nokunxephezela minyaka yonke. NjengoHulumeni kuvamile ukuba siqinise imikhankaso yethu yezokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka lapho umthamo wezimoto usuke umningi. Lokhu kuhlenganisa isikhathi samaholide kaKhisimusi nawePhasika avame ukubhekwa kakhulu. Kodwa iqiniso ngukuthi u-16 000 esikhuluma ngawo lapha usho abantu abasilahlekela ngisho naphakathi nonyaka emigwaqeni yethu.

Ngenxa yalokhu, emasontweni amabili edlule besethula ikomiti le-Integrated Traffic Law Enforcement Committee (ITLEC) elibhekene nokunqandwa kwezingozi kanye namacala okuyiwona aholala ekufeni kwabantu unyaka wonke.

Abazohamba phambili kulolu hlelo nguMnyango wezokuThutha, iMetro Police yeTheku namaphoyisa omasipala abehlukene esifundazweni. Leli komiti lizohola izinhlelo ezididiyele zokugcinwa komthetho esifundazweni, lenze ucwaningo oluzolekelela ekunciphiseni izinga eliphezulu lezingozi zomgwaqo kanye nokufa kwabantu.

Sifuna ukubona kuqiniswa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo kuzo zonke izindawo kuhlanguanisa nezasemakhaya, amalokishi nasemadolobheni. Sifuna ukuqinisekisa ukuthi sinkanise yonke indawo ngezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki no-365 ngonyaka.

Lokhu kuwuhlelo lokugcinwa komthetho nokubopha izaphulamthetho. Kodwa njengamalungu omphakathi kubalulekile ukuba sazi ukuthi lo nyaka sithe ngowe-Activism Against Road Carnage and Transgressions, okusho umnyakazo wabantu ekulweni nezingozi nokwepulwa komthetho emgwaqeni. Lokhu kusho ukuthi izinhlaka ezinjengebandla kumele zigqugquzele amalungu nomphakathi wonkana ukuba ubambe iqhaza ekulweni nezingozi zomgwaqo.

Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa, kanti ukuzigwema kungumsebenzi okumele siwubambisane sonke.

Ngakho-ke ngithatha leli thuba ukuba nginxuse ngamunye ngamunye lapha ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuthi nisekele umkhankaso wethu. Masivumelane sonke ukuthi namhlanje sakha ubambiswano oluzosithatha lusibeke esikhathini samaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo. Masizibekela umgomo wokuthi umuntu nomuntu uzozigada yena abe yiphoyisa kuyena uqobo ngoba njengoba sisho sithi ukuphepha emgwaqeni ngumsebenzi wethu sonke.

Sithi akuyona into efanele ukuthi sisebenzise izigidi zamarandi ekuqwashiseni umphakathi nokuthi abakhokhi bentela bahlalwe umthwalo omkhulu wokuthi bakhokhele abantu abanezimali abaphila kahle ukuze bakhunjuzwe imithetho yomgwaqo njengokuthi: "Fasa ibhande uma ushayela". Kuyihlazo nje ukuthi kuchitheka imali mahhala ukuze kukhunjuzwe umshayeli oqeqeshiwe ukuthi angashayeli imoto engekho esimweni sokuba semgwaqeni, kubhalwe nasemabhodini amakhulu ukuthi: "Ijubane liyabulala!" noma "Ungaphuzi bese ushayela".

Mangiphinde futhi nginxuse amalungu eBandla ukuba asukume abambe iqhaza ekuyiseni phambili isifundazwe sethu. Masikhombise ukuthi ngeke kulunge ukuthi iKwaZulu-Natal ihlale ihamba phambili ezweni uma kukhulunywa ngezinto ezingalungile. Ngeke ukuthi njalo uma kukhulunywa ngokufa kwabantu ngenxa yengculazi, izingozi zomgwaqo, udlame lwamatekisi nobunye ubugebengu, kubalwa iKwaZulu-Natali njengendawo ehamba phambili kukona.

Masihlangane siyimiphakathi senze ngcono isifundazwe sethu. Masiqhubeke sisebenze sithandaze ndawonye ukuze ngelinye ilanga izwe lethu libe ngelikhululekile ezingozini zomgwaqo nobugebengu bonke obusikhathazayo.

**Ngiyabonga**